# UKUNIKELWA

UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Ngiyabonga, kakhulu.

2 Sanibona nonke ekuseni. Kuyinhlanhla ngempela ukuba lapha kulokhu ukusa kulelisonto elihle elincane, enkonzweni yokuphind'ukunikelwa. Njengoba nje bengikhuluma noDadewethu Hoover ekamelweni elingemuva, uthe lake laba, ngikholwa ukuthi, iPilgrim Holiness noma ibandla iUnited Brethren. IPilgrim Holiness, ngiyakholwa. Yebo. Futhi manje liphinde linikelwe iVangeli eligcwele, nalena yinkonzo yokuphind'ukunikelwa.

3 Nomelusi walo onomoya omuhle, njengoba sonke sazi, uMfowethu Hoover ungumfana oqotho ngempela, ozahlukanisele.

4 Umama wakhe, ngangimazi, eminyakeni eyadlula, yena nomndeni wami babefana nje na . . . Abantwana, baze bambize ngokuthi, "Mammy Hoover," ngoba nje wayewuhlobo lwe . . . Wahlala nathi isikhathi eside ngenkathi abantwana besebancane, futhi—futhi nje bamazi ngaleyondlela, omesabayo uNkulunkulu, umama omdala onobungcwele.

5 Nomfana wakhe ongumshumayeli okahle amkhulekela kakhulu, unikele impilo yakhe kuKristu, futhi impilo yakhe wayehlukanisela izinkonzo zikaNkulunkulu uSomandla. Futhi manje, namhlanje, umi, futhi efukula isonto, noma indlu lapha, lapho ebibekwe ilele isikhathi eside kakhulu, ukuqhuba iVangeli, ngendlela yeVangeli eligcwele, isilinganiso.

6 UNkk. Hoover ubesanda kungitshela nje, uNkk. L. G. Hoover, ubesanda kungitshela nje ukuthi leyo bekuyintombazane yakhe encane idlala iculo, emizuzwini embalwa edlule, iculo elizayo lika *Kholwa Kuphela*, futhi ingumshayi wopiyano lapha o—opiyaneni. Ezinyangeni ezintathu ezedlule, ngenkathi bengena, ba . . . yayingakwazi nokushaya ishuni. Kodwa manje isiyakwazi ukudlala. Lokho kuhle kakhulu, kakhulu.

7 Nginentombazane ehlezi emuva lapha, ebithatha izifundo zomnyuziki cishe iminyaka emihlanu, noma ngaphezulu, futhi angazi ukuthi kungibize malini, nopiyano olusha. Ibingakwazi nakudlala ihubo kahle kangako njengoba lowomntwana omncane ubenza. Ngakho kukhombisa ukuthi amathalente anikezwa nguNkulunkulu anjani, bese-ke kuba yinto ozama ukuyikhiqiza. Niyabo?

8 Manje, siyabonga ukuthi uNkulunkulu unikeze lendawo kulababantu. Futhi ngethemba ukuthi izoba yindlu enkulu ephethe ilambu lokukhanyisela kulengxenye yezwe.

9 Manje, izikhathi eziningi abantu bacabanga ukuthi uma bebona ibandla . . . Futhi bayacabanga, "Awu, lelisonto elincane ngeke limumathe abantu abaningi kakhulu." Futhi—futhi ngikholwa ukuthi uMfowethu L. G. wangitshela, noma ngenye indlela, ukuthi ibandla lakhe lalithi alibe abantu abangamashumi ayisikhombisa noma amashumi ayisishiyagalombili, nento ethi ayibe njalo. Ngingahle ngithi ukuba ngaphansana noma ukuba ngaphezudlwana, kodwa kukulezondawo lapho nje, ukuqala nje.

10 Bayocabanga bathi, "Awu, bukani amabandla e . . . ezweni jikelele namhlanje, ukuthi izikhundla zamabandla abo zingezinkulungwane." Futhi mhlampe, abanye, ukuthi usuku ngalunye lwenkonzo banezinkulungwane.

11 Kodwa, ukukhuthaza leliqembu elincane, akusikho lokho ngempela uNkulunkulu akubukayo, izibalo. U—Ubuka i . . . Akazibeki Yena njalo ezisekelweni zobunani, kodwa esimweni sokuqina. Niyabo?

12 Siyabona eBhayibhelini esahlukweni 19 seZenzo, lapho, "UPawulu, edabula ezweni elingasenhla wafika e-Efesu, futhi lapho wafumana ibandla." Lelo kwakuyibandla lase-Efesu, elalingelokuqala onyakeni webandla, elinakwayo eSambulweni sikaKristu. Futhi kulelibandla lapha, kwakukhona abantu abayishumi nambili, njengoba kuqoshiwe. Abantu abayishumi nambili kwakuyisibalo.

13 Kodwa uma lelibandla belinabayishumi nambili kuphela, noma njengoba kwenza lelobandla, futhi ngokugcwele bazinikela kuNkulunkulu, Angenza okuningi ngaleloshumi nambili kunoma Ubengenza ngalolonke izwe. Kungukuzinikela esinakho. Lapho iQiniso leVangeli, akusikho kuphela ukuhamba lisuka emsamo, kodwa lithole umbhede walo ezinhliziyweni zabantu futhi libuye libuye. Ngakho lokhu ngikuthatha njengentokozo kulokhu ukusa.

14 Lapho ngingena emnyango, ngizwe uMfowethu Beeler ekhuleka, futhi bengicabanga ngaye eyiqhawe elidala, nalolu kuwuSuku lokuThelelana amanzi. Futhi, kusobala, sonke siyajabula ukuthi kwabakhona uSuku lokuThelelana amanzi. Futhi lungabakhona futhi u—usuku lokuthelelena amanzi lapha ebandleni ukuthi uma abantu akade besempini nabo uqobo, bemelene noNkulunkulu, bangasayina usuku lokuthelelana amanzi namhlanje, babe nokuthula noNkulunkulu ngoJesu Kristu. Ngikholwa ukuthi kwabaseRoma 5:1 kwathi, "Ngakho lokhu sesilungisisiwe ngokukholwa, sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu."

15 Futhi manje ngiqaphele abanye abantu behlezi lapha, uMfowethu noDadewethu Bryant, nabanye abangane lapha abavela etabernakele. Manje, kulokhu ukusa, bengizokhuluma ngendaba yesifundo sesikole sangeSonto kulokhu ukusa

etabernakele, kodwa ngiluhlehlisile kuze kube kulobubusuku, ngenxa yokuza lapha ngalokhu ukunikelwa. Izinkonzo zizoqala ngaphambi kwesikhathi kulobubusuku, niyabo, etabernakele. Ngihlose ukuba semsamo, sengilungele ukukhuluma ngelesikhombisa nqo, ukuze singalibali. Futhi ngino—nomlayezo omude. Indaba ithi: *Kungani BengiPhikisana neNkolo eHleliwe*. Futhi kufundiswa emBhalweni. Ngakho, nina bafo etabernakele, olapho, awu, nifike phambi kwesikhathi.

16 Manje, Mfowethu Hoover, a—angazi ukuthi ngingayibonga kanjani iNkosi, kulokhu ukusa, ngensizwa encane ezinikele kuKristu, naphakathi kwabantu bakubo lapha, ukuletha lomlayezo okhazimulayo kaKristu kulababantu. Mina uqobo, ngingowaseKentucky. Ngivela nje ezansi nomgwaqo lapha izindlela ezincane, edolobheni elincane elibizwa ngeBurksville. Futhi ngi. . .ngicela ninabantu bakhona lapha, njengoyedwa waseKentucky komunye, size ukuzozwa lomfana. Ephumela phakathi kwabantu lapha, bese esakaza izindaba ndawo zonke, bese bengena. Abangenise. Uma kudingekile, iBhayibheli lasho, ubayale, ubaphoqe ukuba bangene. "Hamba uye ezindleleni eziphakeme nasezintangweni futhi—futhi ubacindezele," lokho kungukuphoqa, "bangene."

17 NoMfowethu Hoover, sekuyiminyaka embalwa ngimazi manje. Futhi ngimazi engomesabayo uNkulunkulu, umfana ozahlukanisele. Kwangathi iNkosi ingayibusisa njalo imizamo yakhe. Ngiyizwile ikhwaya yakho ncane. Ngi—ngizame ukubuka ngasemnyango, futhi—futhi ngayizwa ikhwaya encane icula, "Qiniseka ngempela." Kunjalo.

18 Ungahlofuhlofuza nganoma yini enye, kodwa uma sekuza esiphethweni sakho saPhakade, ufanele uqiniseke ngempela. Niyabo? Kugcineni engqondweni nje lokho, "Qiniseka, ngempela ngempela." Ungathathi-shansi ngakho. Uma ubuye esitolo okudlelwa kuso, wa oda isitsha sesobho, futhi kulelosobho bekukhona ulwembu olukhulu, ngempela ubungalifuqela emuva. Ubungeke nhlobo ulithinte, qhabo, mnumzane, ngoba mhlampe belizokubulalala. Uphoyizeni walolulwembu, ophekwe kulelisobho, ubungahle ubangele ukufa kwakho. Ngakho uma unakekela ngempela ngalomzimba, ozofa, niyabo, uthini ngalowomphefumulo ongezukudingeka ukuthi ufe na?

19 Ngakho ngithanda lonke iZwi likaNkulunkulu esimweni seVangeli eligcwele. Futhi ngakho ngiyazi futhi ngiyakholwa, futhi nginokwethemba, ukuthi uMfowethu Hoover uzosigcina isithembiso sakhe kuNkulunkulu, ukuba aLishumayele ngolwazi lwakhe lonke; iVangeli eligcwele.

20 Ngihlezi lapho, ngizwa umshayi wopiyano omcane eshaya leyoshuni, *Kholwa Kuphela*. Indodana yami, uBilly Paul, angicabangi ukuthi ukhona khona lapha, ngesikhathi. Kodwa ngithe, "Billy, uyayizwa ishuni yalolopiyano oluncane

lushaya u *Kholwa Kuphela*?" Ngilizwile leloculo elincane cishe ngezilimi zonke phansi kweZulu, lingibizela emsamo, kusukela ezifundeni ezibanda okweqhwa zaseArctic kuze kuyoba yimeno eshisa kakhulu yaseNingizimu, ngaphansi komhlaba, umhlaba jikelele. *Kholwa Kuphela,* ngazo zonke izinhlobo zamaphimbo, lingibizela emsamo. Ngoluny'usuku, uma impilo yami isiphelile emhlabeni, ngiyethemba bacula lelo uma be. . . uma ngingaphili ukuba ngibone ukuFika kwaKhe, uma sebengibeka bengimukisa. Ngiyamkholwa uJesu Kristu.

21 Manje, nginemiBhalo ethize lapha, engingathanda ukuthathisela kuyo, kulokhu ukuphind'ukunikelwa kwesakhiwo, uvela eBhayibhelini. Futhi ngicabanga ukuthi, manje, ukuthi lelisonto alinikelelwa enhlanganweni. Linikelelwa enkonzweni kaNkulunkulu.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje, sisakhuleka.

22 Baba oNgcwele nonomusa, njengoba siza eBukhoneni baKho, sisuka kulendlu, ngokukholwa, siza esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu lapho khona leloAltare legolide lendlaleke kusuka esibhakabhakeni kuya esibhakabhakeni, lapho khona wonke osazokufa, inkolo, isizwe, noma umbala enelungelo lokuza, zonke izidalwa, uKristu azifelayo wazibeka Yena uqobo phezu kwaleloAltare, njengomnikelo wethu wesono. Sinelungelo lokuza ngesibindi esiHlalweni sobukhosi somusa. SiyaKubonga ngalenhlanhla enkulu esingaba nayo namhlanje, futhi esinayo. SiyaKubonga ngawo onke amalunga oMzimba waKho emhlabeni namhlanje, aze kulesisiHlalo sobukhosi esikhulu, futhi emukela umnikelo wokuthula, nokuthula okudlula ukuqonda, kweVangeli.

23 Manje sikhulekela, Nkulunkulu, lelibandla, leliqembu labantu eliza kulesisakhiwo esincane kulokhu ukusa ngokuzinikela kothando, nezimpawu zezandla zabo nenhliziyo, ukulungisa indawo lapho khona abantu bengeza khona, bakhonze. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobusisa imizamo yabo. Futhi sikhulekela ukuthi Uzobusisa umelusi, umfowethu onomusa, nomkakhe, umndeni wakhe, abadikoni, abaphatheli, ibhodi, amalunga, nabobonke, ndawonye.

24 Futhi manje njengoba sivula iZwi laKho, namhlanje, ngokwenduduzo, ukwazi uma lezizinto esizenzayo zingokohlelo nomBhalo, ngokuba isikhathi sesedlule kunoma sicabanga. Siyezwa, namhlanje, ukuthi asisekho isikhathi esiningi kakhulu esisasele. Kodwa sifanele sisukume sisebenze. Sifanele sincenge futhi sicindezela, ukuthi lonke ilunga eligcotshwe kuqala, eMzimbeni kaKristu, ukuthi sisabalalise loMlayezo uze uzwiwe ngumuntu wonke, size siqiniseke ukuthi wonke umzamo ebesingawuveza wenziwe. Baba, busisa iZwi laKho futhi ukhulume nathi manje ngeZwi laKho, sisalalele ngezinhliziyo

eziqaphele nezindlebe ezivulekile, ngokujabula ukwemukela lokho Othanda ukuba sikwazi. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

25 Manje, kungahle kubekhona abaningi benu, okungokuvamile, ukuthi abantu ngezinye izikhathi bamaka phansi imiBhalo, noma baYibhale, noma bathathe amanothi. Nami ngenza leyonto efanayo. Futhi uma nithanda ukuphenya kanye nami manje, ekufundweni komBhalo kokuqala, nginezindawo ezintathu engingathanda ukufunda kuzo kulokhu ukusa. Naleyo yi, ziKronike zokuQala 17:1 kuya kwelesi 2, neZenzo 7:44-49, namaHeberu 10:1 . . . 5.

26 Manje kuqala sizofunda kwiziKronike, iziKronike zokuQala 17, siqale evesini 1. Bese kuthi-ke, okwesibili, sizofunda eNcwadini yeZenzo zabaphostoli, e—esahlukweni 7. Sizothanda ukuqala ukufunda evesini 44 lesahluko 7 seZenzo, konke kuhambisana nokunikelwa kwethempeli. Bese kuba-ke amaHeberu 10:5.

> *Manje kwathi lapho uDavide esehlezi endlini yakhe, uDavide wathi kuNathani umprofethi, Bheka, mina ngihlala endlini* yomsedari, *kepha umphongolo wesivumelwano seNKOSI uphansi kwezilenge.*
>
> *UNathani wathi kuDavide, yenza konke okusenhliziyweni yakho; ngokuba uNkulunkulu unawe.*
>
> *Kepha kwathi ngalobobusuku, izwi likaNkulunkulu lafika kuNathani, lathi,*
>
> *Hamba . . . utshele uDavide inceku yami, Isho kanje INKOSI ithi, Awuyikungakhela indlu ukuba ngihlale kuyo:*
>
> *Ngokuba angihlalanga-ndlu kusukela osukwini engakhuphula ngalo uIsrayeli kuze kube-namuhla; kepha ngangisematendeni, nasematabernakele ngamatabernakele.*

27 Manje eNcwadini yeZenzo zabaphostoli, ngiqale ngese 7, nevesi 44.

> *Kwakukhona itende lobufakazi kobaba ehlane, njengalokho akuyalayo, yena owakhuluma noMose, ukuba alenze ngomfanekiso abewubonile.*
>
> *Obaba benoJoshuwa balamukela balingenisa ezweni leZizwe, azixoshayo uNkulunkulu ebusweni bawobaba, kwaze kwaba-semihleni kaDavide;*
>
> *Owathola umusa ebusweni bukaNkulunkulu,* waba nokufisa *ukufunela uNkulunkulu kaJakobe idokodo.*
>
> *Kepha nguSolomoni owamakhela indlu.*
>
> *Kodwa oPhezu konke akahlali ematempelini enziwe ngezandla; njengokusho komprofethi ukuthi,*

*Izulu liyisihlalo sami sobukhosi, nomhlaba uyisenabelo sezinyawo zami: ngenjani indlu eniyakungakhela yona? isho iNkosi: noma yiyiphi indawo yami yokuphumula na?*

Izandla *sami asikwenzanga konke lokhu na?*

28 NaseNcwadini yamaHeberu, isahluko 10 nevesi 5.

*Ngalokho-ke esefika ezweni,* wathi, *Umhlatshelo* neminikelo *awuwuthandanga, kodwa ungilungisele umzimba:*

29 Sejwayelene impela nokufundwa kwalemiBhalo ebekiwe esifuna ukukhuluma ngayo imizuzwana embalwa.

30 Manje, uDavide, phansi kwesifiso nesambulo, wacabanga enhliziyweni yakhe, into yobuqhawe impela. Ngenkathi, uDavide, engumuntu onobuqotho, ethandwa kahle ngabantu, noNkulunkulu wayembusisile ngezindlela eziningi kakhulu. Wayesethi, "Manje kulungile yini ukuba ngihlale lapha ekhaya elihle iNkosi engiphe lona, nomphongolo wesivumelwano sikaNkulunkulu wami phandle lapho phansi kwezilenge na?" Leyonto kwakuyinto yobuqhawe ngempela. Kwakuyisambulo, ukuba uDavide akwazi lokhu. Ngoba kwakungalungile nje kuye ukuba abe ne—nendawo enhle kangaka, phansi kwendlu eyenziwe ngomsedari okwakuyindawo edula kakhulu; wayesethi-ke, "Umphongolo wesivumelwano kaNkulunkulu wami, Owanginika zonke lezizinto, uselokhu uphandle lapho phansi kwetende."

31 NoNathani, umprofethi, azi ukuthi uNkulunkulu wayenoDavide, wathi, "Davide, yenza konke okusenhliziyweni yakho, ngokuba uNkulunkulu unawe." Ngamany'amazwi, uma uNkulunkulu ekunika isambulo, senze. Kodwa konke lokho kwakusebenza.

32 Futhi ngalobobusuku, iNkosi yeza kulomboni, nomprofethi uNathani, yayisithi, "Hamba, utshele inceku yami uDavide." Niyabo? Ngiyakuthanda lokho. O, ngamany'amazwi, "Ngiyasihlonipha isibindi sakhe, nemicabango yakhe ngaMi, ukuba aNgakhele indawo. Kodwa," Yathi, "A—Angikaze ngihlale endlini. Angikaze ngibe nayo indawo yokuhlala uma ngehlela emhlabeni, ukuba ngibuke abantu baMi ngibengame. Angikaze ngibe nendawo yokuhlala, ngisho selokhu Ngakhuphula uIsrayeli. Angikaze ngiyale noma yibaphi abahluleli ukuba baNgakhele indlu yomsedari, kodwa Ngihambe amatende ngamatende." Leso akusiso nje cishe isimo sakho namhlanje! "Ngihambe amatende ngamatende, nasezindaweni ngezindawo, ukuba ngihlangane nabantu baMi."

33 Yathi, "Hamba, utshele uDavide," njengoba umBhalo uqhubeka ufundeka, "Ngakuthatha kulelodlelo phandle lapho, walusa lezozimvu zikayihlo. Futhi Ngakwenzela igama elikhulu njengamadoda adumile esemhlabeni. Nginqume izitha zakho,

kusukela kwesokudla kuya kwesokunxele. Ngiyakuthanda, Davide. Futhi ngiyazi ukuthi izifiso zakho silungile. Ngiyazi ukuthi izimpokophelo zakho yethembekile. Futhi Ngiyazi ukuthi uyaNgithanda.”

34 Ningawabona amaHubo, ukuthi uDavide njalonjalo, ucabanga kanjani ngoNkulunkulu. Abaningi kakhulu bethu namhlanje sicabanga ngezimpumelelo okungezethu, into esingayenza ukuba sizithuthukise thina. Kodwa uDavide njalonjalo wayecabanga ngokuthi yini ayengayenzela uNkulunkulu.

35 “Ngiyazazi izifiso zakho, Davide. Futhi Ngifuna wazi ukuthi yini eNgikwenzele yona. Wawusengumfanyana nje, ungaziwa-muntu, neyakho . . . ngisho noyihlo ukunika izimvu ezimbalwa phandle lapho ukuba uziqaphe. Kodwa Nganginawe. Futhi Nginqume izitha zakho, kusukela esandleni sakho sokudla kuya esandleni sakho sokunxele. Kodwa izifiso zakho zilungile. Kodwa, Davide, wena uyindoda yempi. Uyindoda echithe igazi. Ngeke ngakuvumela wenze lokhu. Kodwa Ngizokwethembisa ukuthi ngezithelo zokhalo lwakho, Ngiyovusa indodana yakho, futhi iyokwakha ithempeli.”

36 Manje, siyazi sonke ukuthi okomhlaba kufanekisa kuphela okweseZulwini. Okwemvelo kufanekisa kuphela okomoya. I . . . Ngempela, Lo ayekhuluma ngaye kwakunguKristu, ngeThempeli.

37 Kodwa wayenguSolomoni, indodana kaDavide, enyameni yemvelo. Kamuva, siyafunda emaKhosini okuQala, uma ningathanda ukukufunda, ukuthi wa—wakha itabernakele uDavide ayezolakha, ngoba uSolomoni wayeyindoda yokuthula, yokuhlakanipha. Akazange aye empini, njengoDavide, futhi wayenenqwaba yegazi alichithayo. Nje wayeyindoda yokuthula. NoNkulunkulu wamupha ukuhlakanipha ngenkathi ebuzwa ukuthi yini ayengaba nayo, phambi kukaNkulunkulu, wacela kuphela ukuhlakanipha ukwazi ukuthi abahole kanjani abantu baKhe. Futhi akazange athathe izipho ezinkulu okwakungenziwa, kodwa wacela nje ukuhlakanipha ukwazi ukuthi angaba—bahola kanjani abantu bakaNkulunkulu baye kokungcono kunakho konke.

38 Futhi ngicabanga ukuthi, thina, ekukhulekeni, thina uqobo, uma nje besingacela lokho, ukuqonda nje, into ebesizoba ngcono ukuba sibe ngabantwana bakaNkulunkulu. Ngeqiniso ngicabanga ukuthi lo ngumbono walomelusi wokungenisa lelisonto lapha, niyabo, ethatha lelisonto elidala futhi ephind’elinikela namhlanje. Uzama ukuthola indawo emvuleni, neqhwa, kanjalonjalo, enzela abantu bakaNkulunkulu. Ngicabanga ukuthi uNkulunkulu uzokuhlonipha kulomfana, ngokufanayo nje njengoba Enza kuDavide.

39 Manje, siyathola, ukuthi nakho kulele ukuqondana okukhulu kokomoya lapha, engizothanda kakhulu ukuthathisela kukho. Manje, uma nifunda amaKhosi okuQala, nizokuthola lokho, kulokhu. USolomoni uyaqala, njengensizwa, ukwakha lelithempeli uyise ayelethenjisiwe, ngoNkulunkulu, ukuthi wayezolakha. Niyabo, uhlala esemgqeni nomBhalo nezithembiso. Manje, yilokho esifanele sikwenze njalo, ukuze siphumelele, ngukuhlala sisemgqeni nezithembiso zikaNkulunkulu. Kungenandaba ukuthi kubukeka kukuhle ukwedlula konke kangakanani ukuhamba *nga le* ndlela, noma *leya* ndlela, hlala usemgqeni nomBhalo. NoSolomoni wazi ukuthi uNkulunkulu wayethembise uyise, uDavide, ukuthi wayezokwakha ithempeli.

40 Manje, uma niqaphela, impahla ayitholakalanga kuphela ePalastine, ukuthi, lelithempeli, ngoba nje yayingekho lapho. Wayefanele aye ezweni lonke, izwe elaziwayo, ukuba athole lezizingxenye ezazizoya kulelithempeli.

41 Ukuqondana okuhle kangaka okuyikho pho, ukuthi uNkulunkulu akasiki nje izimpahla zaKhe kumaJuda kuphela, komhlophe kuphela, noma konsundu, noma obomvu, noma omnyama, kumbe noma yimiphi imibala abangahle babeyiyo, kumbe noma yini, eziphuma eUnited States nje kuphela, noma nje eziphuma eCanada kuphela, kodwa Usika izimpahla zaKhe ezivela kulolonke izwe.

42 Futhi uma kwathi besasika amatshe ohlobo oluthize olwalutholakala engxenyeni ethize yezwe, futhi mhlawumbe esika itshe ngale kwesinye isizwe, ukwenela lelitshe elasikwa e. . . esinye isizwe. Manje, kungahle ukuba kwakubonakala kuxakile kubantu, abedlulayo ababewabonile lamatshe abukeka eyinqaba esikwa. Kodwa uNkulunkulu, ngendlela okungeyaKhe uQobo, wayenza okuthize.

43 Ngicabanga ukuthi Wenza into efanayo, namhlanje, uku—ukukwenza kube yikho ngempela okufanekisiweyo lokho umfanekiso owawuyikho. Uzisika ngendlela Afisa ngayo.

44 Manje siyathola, ukuthi izimpahla ezisikwa ezweni lazo uqobo lendabuko, kwakuyinqaba e—empahleni esikwe kwelinye izwe lendabuko. Futhi sithola ukuthi zonke zathwalwa ngetranspoti zisuka, ngenqola yezinkabi, kanjalonjalo. Nezinye zazo zifika ngolwandle, nezinye zifika ngenqola yezinkabi, nezinye zantanta zehlela eJopa ngesihlenga samapulangwe, kanjalonjalo, bese zidonswa zingeniswa. Zonke ndawonye, zaziza endaweni eyodwa, ngenhloso eyodwa, nalokho kwakungukugcwalisa umyalo kaNkulunkulu.

45 Nemisedari wawuhlahlwa eLebanoni. Nemisedari yaseLebanoni kwakuyimisedari edume kakhulu kunalo lonke izwe. Njenganamhlanje, yinye indawo lapho okutholakala khona ukhuni olubomvu, leyo yiCalifornia. Futhi kukhona indawo

eyodwa, abayibiza, eAfrika, eMossel Bend, kukhona ukhuni oludumile lapho olubizwa ngesitingawothi. Alutholakali nhlobo kwenye indawo kodwa lapho. Futhi kukhona eminye imithi yamapulangwe ehlukene otholakala ezingxenyeni ezehlukene zezwe. Nemisedari waqala eLebanoni, ophakeme kakhulu, omude, umsedari, ol'khuni, ngoba kwakuyizwe elifudumele. Ngokufudumala kwezwe, umuthi wamapulangwe uba l'khuni kakhulu. Futhi—futhi ngokubanda kwezwe, uthamba kakhulu.

46 Lokho kunokuqondana nokokomoya, futhi. Ukubanda nokunganaki, okuthambile nokuntantayo. Kodwa uma kufudumele, kugcwaliswe ngoMoya, kuyasingathana bese kuba nomsebenzi esandleni soMnikazi.

47 Manje, sithola ukuthi lemisedari emikhulu yayigawulwa ngabagawuli. Futhi babe . . . babenamaplani ento ezokwakhiwa. Futhi bazihlanganisa zivela ezingxenyeni ezehlukene zezwe.

48 Manje, uma niqaphela, uSolomoni akazange ehluke nakanci ephethinini uMose ayibonayo eNtabeni yaseSinayi, eZulwini. UMose, lapho esebuya embonweni wakhe, wagxumeka itende, futhi walenza ngokufanayo nje nse njengoba abona eZulwini. Futhi lapho uSolomoni akha ithempeli, walenza ngokufanayo nje nse ngendlela a—ayebone ngayo iphethini, umfanekiso. UMose wagxumeka itende, u—umfanekiso ongapheliyo, ngoba wawusuka endaweni uye endaweni. Kodwa uSolomoni, wenza i—itabernakele ngaso nje nse isimo uMose ayesibonile eZulwini. Konke kwahlanganiswa ndawonye, kwabekwa ngokohlelo, ngakho nje nse.

49 Ukuqondana okunje pho kokomoya ebesingakusebenzisa lapha, ukuthi asifanele neze ukuba sishiye umBhalo. Hlalani nalo nse iphethini. Yingalesosizathu, ngikholwa, ukuthi ileyondlela iBandla lokuqala elalenziwe iphethini ngayo, yileyondlela Elilandelayo elifanele lenziwe iphethini ngayo, yileyondlela onke afanele enziwe iphethini ngayo, ngayo nje indlela okwakungayo ekuqaleni. Futhi ngikholwa ukuthi uNkulunkulu unalo ngaleyondlela, ngiyakholwa, iBandla langempela. Kulungile.

50 Izimpahla, zixetshulwa ezweni lazo lendabuko, zangeniswa endaweni eyodwa. Kodwa lapho sezihlanganiswa . . . Ngifunda manje esahlukweni 16, noma ngicaphuna kuso. Manje, lapho sezihlanganiswa, zenela ngokuphelele phaqa, ukuthi, esikhathini seminyaka engamashumi amane esasithathiwe ukukhuphula isakhiwo, kwakungekho nelilodwa—lodwa itshe elalizophinde lisahwe. Kwakungekho-kunseneneza kwesaha, noma umsindo wesando, iminyaka engamashumi amane. Ukhuluma ngesakhiwo samatshe abaziweyo, ubungcweti bokwakhiwa kwezindlu!

51 Manje, lokho kwakukhombisa, ukuthi, lapho senza noma yini, futhi siyenza ngephethini uNkulunkulu asibekele lona.

52 Manje, amaningi alawomatshe ayebukeka eyinqaba kabi. Kodwa kwakukhona indawo ethempelini yalo lonke eliyinqaba, itshe elingejwayelekile. UNkulunkulu wayenendawo yawo.

53 Izinkonzo zethu, okungumfanekiso omuhle lapho noma okwangempela kuwo, kukhombisa ukuthi, ekungejwayelekeni kwethu, indlela yethu yokukhonza. Nokho, lapho iThempeli, iThempeli langempela esizofika kulo emva kwemizuzu embalwa, selihlanganiswa, kuyoba-khona indawo yawo wonke umuntu oziphatha inqaba. Singahle sibukeke sihlekisa kancane komunye umuntu, futhi siziphathe ngokuhlekisayo kancane; kodwa, khumbulani, yindawo lapho yethu. UNkulunkulu uxephula iBandla laKhe.

54 Futhi lonke itshe elincane lalinendawo yalo elenela nse kuyo. Futhi khumbulani, lalisikwa, kude nendawo elalizohlanganiswa kuyo; kodwa, uma selihlanganiswa, lalingadingi ngisho nokulolwa. Lase livele lilolekile. UNkulunkulu wayelenze kanjalo ukuba lenele ngokuphelele endaweni yalo.

55 O, umfanekiso onje pho lapho esiwutholayo, wokomoya, ukuthi sikanjani sonke isiphiwo sikaNkulunkulu, konke ukuziphatha inqaba kwamaKristu azelwe ngokusha, ekungejwalekeni kwawo, nokho linayo indawo yalo. Liyenela eMzimbeni. Liya endaweni yalo efanele.

56 Futhi abaningi bethu bebenga—bebengazama ukuba bathi, "Manje, lokho akusikho okukaNkulunkulu," elilungile, elingcwele, isosha lesiphambano elizahlukanisele. Futhi sithi, "Manje, sama esontweni ngobunye ubusuku, futhi sezwa into *ethize-thizeni*. Lokho ngeke kwaba ngokukaNkulunkulu." Kodwa uma kusemgqeni nePhethini, uma kusemgqeni nomBhalo, kungahle kube yinqaba, kodwa kuzoba nayo indawo yakho. Niyabo? Kuyokwenela phakathi ngqo, futhi ngeke kudinge ngisho ukulolongwa noma ukupholishwa. Kuyoya endaweni yakho, ngokuba iSazi esikhulu sokwakha izindlu, uKristu, uyakulungisa manje; inqaba, omunye komunye.

57 Manje siyaqaphela, esakhiweni phansi lapha, isahluko esilandelayo, ukuthi, kulesisakhiwo, kwakukhona itshe elilodwa empeleni elaliyinqaba kakhulu ukuziwulaza ngalo, ngakho abakhi balenqaba. Ngakho bavele baligxumeka ngale egumbini, bathi, "Lelotshe empeleni liyinqaba kakhulu ukuba lingasetshenziswa. Ayikho indawo enjalo."

58 Manje, khumbulani, kwakungabakhi ababefanele bakwazi ukwehluka. UJesu wakhuluma ngakho.

59 Kodwa, kutholakala ukuthi, babakhe isakhiwo saphakama kangako baze balahlekelwa yitshe. Futhi babengazi ukuthi lelotshe lalikuphi. Bangahle ukuba bafunisisa kuyo yonke imikhumbi. Bangahle ukuba bagijima baya kuzozonke izinqola zezinkabi. Bangahle ukuba bathumela izithunywa enhla eJopa, nasezansi, bathi, "Ngabe omunye umthwalo ungenile na?

Noma, "Ngabe nilahlakelwe ngelilodwa endleleni na? Kukhona okungalungile. Nje asilitholi lelotshe lalendawo." Futhi lapho bengalitholi, noma kuyiphi enye indawo, bafike bathola ukuthi, lalisemhlabathini ngqo. Laliyitshe eliyisisekelo egumbini abakhi abalenqabayo.

60 UJesu wakhuluma ngalo, wayesethi, "Anifundanga yini ngetshe abakhi abalenqabayo na? Laliyitshe eliyisisekelo egumbini, inhloko yakho konke, lapho sonke isakhiwo sihlezi phezu kwalo."

61 Futhi ngicabanga ukuthi, esa—sakhiweni namhlanje sendlu yokomoya uNkulunkulu akhonza kuyo, ngicabanga ukuthi kube ngukwehluleka okukhulu namhlanje phakathi kwabakhi. Size namahlelo ethu, futhi siwabeke ebuqothweni. Sithumele abafana bethu esikoleni, ukubafundisa ukuba bakhulume kahle phambi kwebandla, sabafundisa isayikholoji ukusebenza kwengqondo nomlando weBhayibheli. Futhi senze yonke into, futhi sakha izihlalo zasesontweni ezinhle, futhi senza imibhoshongo ephakame yaya phezulu, nomnyuziki omnandi, kanjalonjalo, esiyakhile. Kodwa sithola ukuthi kukhona okungalungile. Sizame ukuyakha ngempahla eyenziwe ngumuntu, lokho obekungavezwa yimfundo, lokho amakholiji abengakukhipha kubo, ukuthi lwazi-nzulu luni. Sizame ukuyakha phezu kwemfundo, phezu kolwazi-nzulu, phezu kwehlelo. Nazo zonke lezizinto azizukusebenza inqobo nje uma singalemukelanga leliTshe eliyinqaba, leliTshe elingejwayelekile.

62 Kodwa lapho isakhiwo siqala ukwenziwa sivele, baqonda ukuthi imbobo eyayishiyiwe, itshe eliyinqaba liyayenela, kuze kuthi ncamashi.

63 Lokho ngukuthi, lapho, abakhi bokomoya namhlanje. Futhi yingakho isakhiwo soMlobokazi, kaKristu, singamlungele uMyeni, yingenxa yokuthi abakhi wenqabe iTshe eliyisiSekelo egumbini elabekwa ngoSuku lwePentekoste, elingumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Niyabo? Beliyinqaba. Abantu baziphatha ngokuhlekisayo. Futhi a—abezi ngokohlelo lwesayikholoji yethu—yethu ukusebenza kwengqondo, ngolwezemfundo yethu, ukufunda kwethu, izivumokholo zethu. Aleneli lapho. Futhi baLikhahlela balikhipha, ngoba Laliyinqaba kakhulu, lingejwayelekile kakhulu, lingenakuvumelana kakhulu nama—macebo thina njengamadoda esasinawo, imiqondo yokuthi iBandla lifanele libe njani.

64 "Bekufanele kube yiqembu lezifundiswa ezinkulu eziphucukile. Bekufanele kube yiqembu labantu abagqoke kahle. Bekufanele kube yiqembu lento ethize, lapho, esizame khona ukuyenza ibe wuhlelo lwezemfundo, noma yinto ethize ebizothokozisa imizwa yethu emihlanu, into ebesingayibona,

noma siyinambithe, noma—noma siyizwe, noma—noma into ethize." Okuningi kwakho kube ngokubona. "Bukani abantu bethu abahle. Bukani isixuku sethu esihle ukwedlula zonke edolobheni. Imeya iza endaweni yethu. I—izigungu zezikhulu eziphethe zedolobha lakithi, isikhulu esiphethe samaphoyisa siza ebandleni lethu."

65 Manje-ke siyathola, uma sekwehlela kwesangempela, i—isakhiwo, konke esinakho ngukhonkolo nedwala. NeSakhiwo asiqhubekanga. Benqaba iNdlela, iTshe uNkulunkulu ayeLilungiselele kangaka. BaLenqaba.

66 Manje, siyathola ukuthi, nakuba, esahlukweni esilandelayo, ukuthi lapho abakhi sebethola ukuthi babesephutheni. Nokho, babenawo onke amanye amatshe lapho, kodwa isizathu bengakwazanga ukuwahlanganisa ndawonye ngoba kwakukhona imbobo eyayisele. Kwakukhona into ethize eyayingalungile.

67 Manje, sesivele sinawo amatshe, amatshe uNkulunkulu ayewazi-phakade. Niyabo? Futhi sinawo, kusukela le e-Efesu kuya eLawodikeya. Silindele kuphela lelotshe eliyiNhloko abakhi abalenqabayo, silindele ukuFika kwaKhe, iTshe elivala phezulu. Futhi lapho . . .

68 Lamatshe amakhulu ayizivumo. Manje, siyazi ukuthi ukuvuma yitshe. Manje, i . . .

69 Abantu bakithi abangamaKatolika bathi lapho u . . . "UJesu ekhuluma, futhi Wathi, 'Phezu kwalelidwala, noma itshe, Ngiyakulakha iBandla laMi.'" Manje, ibandla lamaRoma lobuKatolika liyasho, ukuthi, "KwakunguPetru, ngoba wayeyitshe, umuntu uqobo, uSimoni Petru." Wahlubuka, ezinsukwini ezimbalwa kamuva. Manje siyathola, manje-ke, iProtestani liyasho, ukuthi, "KwakunguKristu, itshe." Kodwa kungesikho ukuba ngiphikisane, kodwa uma nje nizobhekisisa umBhalo, kwakungesuye namunye wabo.

70 Kwakungukuvuma kukaPetru nesambulo sokuthi uKristu wayengubani. Ngokuba Wabuza umbuzo, futhi kwakungumbuzo okuyiwona owawungene. "Abantu bathi Ngingubani iNdodana yomuntu na?"

71 "Abanye bathi, 'UMose, abanye uEliyase, nabanye, niyazi, amathambo omprofethi othize ovukile, noma okuthize. Lowo kwakunguye.'"

72 Kodwa Wathi, "Nina nithi Ngingubani na?" Nanko umbuzo Awushoyo.

UPetru wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

73 Wathi, "Ubusisiwe wena, Simoni, indodana kaJonase, ngokuba inyama negazi akuzange kukwambulele lokhu. Awuzange neze ukufunde encwadini. Awuzange neze ukuzwe

ekholiji. Kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele lokhu. Futhi phezu kwalelidwala, isambulo sokomoya seZwi likaNkulunkulu," okungukuthi WayeyiZwi, "Ngiyakulakha iBandla laMi; namasango ehayidese awasoze aLahlula."

74 Lelo yiBandla langempela; hhayi elokhonkolo, nesitini, namatshe, kanjalonjalo, okungokubhubhayo. Kodwa iBandla langempela lakhelwe phezu kwesambulo seZwi nentando kaNkulunkulu. Futhi kade bebekwe eMzimbeni, selokhu kwaba sonyakeni webandla lase-Efesu, kuhambe njalo kuze kube seLawodikeya manje. Kodwa yini . . .

75 Ngosuku lapho uSolomoni eseliqedile ithempeli. Netshe eliyisisekelo segumbi, kwathi nje masinya abakhi bangemukela elinqatshiwe, khona-ke isakhiwo saqala ukukhuphuka.

76 Mangisho lokhu ngakho konke ukuthoba nangazo zonke izinhlonipho kuwo wonke umuntu kuwo wonke amabandla, nayoyonke imibono yomuntu. Lapho abakhi bethu namhlanje bemukela Onqatshiweyo, esikhundleni sokubafuqela le futhi bababize ngokuthi "yisigejane sabaginqiki abangcwele, abayinqaba owenza ukuvuma," lokho okungako masinya iSakhiwo siyoqedwa.

77 Kodwa niqaphelile na? Emva kokuba isakhiwo sesiqediwe, sasiselokhu siyisakhiwo esingenamuntu. Kwakungekho lutho kuso kuphela ifenisha. Ngakho uSolomoni wayenze konke ayengakwenza. Manje, usuku olukhulu lokunikelwa luyafika, lapho ababezonikela khona lesisakhiwo ukuba abakhonzi bakhonze into ethize. Manje, ngaphandle kwento ethize lapho ukuba ikhonzwe, isakhiwo sasiyoba yize. Kodwa isakhiwo manje sase silungele ukunikelwa.

78 Futhi lapho abaLevi nabapristi, nezinkulungwane zamacilongo eqhumisa izibhakabhaka; nemvu emva kwemvu zifa, ngenxa yomhlatshelo ngesono. NamaLevi ngokwendawo eyiyonayona athatha indawo yawo, aya ekhoneni ase ethatha izigxobo zawo, azifaka emasongweni emphongolweni, lapho izibhebhe zamatshe sasingaphakathi. Izibhebhe ezimbili zamatshe; itshe elifanayo. "Laba ababili bamunye," umyalo ofanayo, isivumelwano esifanayo. Lapho, lezizibhebhe ezimbili zetshe, zinamakherubi namaphiko awo egxumeke ngapha nangapha, elinye kwelinye. Lapho, lamaLevi, ukuphela yileloqembu elalihlukaniselwe elalikwazi ukuthwala umphongolo. Akukho-muntu owayengawuthinta, ngaphandle kwawo; uma ekwenza, wayefa. Futhi athatha lezizigxobo, azi ukuthi ayehlukaniselwe inkonzo ephathelene nalento. Futhi ayefaka lezizigxobo emasongweni, njengoba kwakukade kuyaliwe (uMose wayekade eyaliwe) nguNkulunkulu, ukwakha isakhiwo somphongolo.

79 Futhi awuqukula, ematendeni awo. Aqala ukumasha; necilongo likhala, kudlala uhabhu, intuthu yenyuka isuka

ezilwaneni ezifile esasihlatshwa phambi kukaJehova. Eza ehla edlula esakhiweni sokunikelwa, aze awuletha endaweni yawo yokuphumula lapho owenela khona phansi ezisekelweni zendawo enkulu kakhulu eyayibekelwe wona. Futhi lapho wenela phansi, futhi ekugcineni ufika endaweni yawo yokuphumula, umphongolo, iBhayibheli lasho, ukuthi, "INkosi yehlela phansi phezu kwendawo, Yaze yagcwalisa ithempeli lonke. INsika yoMlilo yangena lapho nenkazimulo kaNkulunkulu enkulu kangaka kwaze kwathi izikhonzi abefundisi abangabe besakhonzisa, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu."

80 Kungalenkathi lapho wathola khona indawo yokuphumula yawo yokugcina, inkazimulo yeShekina eyalandela lawo; itshe lokuvala phezulu, hhayi igumbi; itshe lokuvala phezulu, into enkulu. Onke amanye amatshe lalingasebenzi kwaze kwaba ngaleyonkathi. Kodwa lelitshe elikhulu langena, itshe eliyinhloko, lase lithatha indawo yalo ngokwendawo eyiyona yona ibe yindawo yalo yokuphumula, kwalesosizukulwane. Inkazimulo kaNkulunkulu yagcwalisa indlu lapho ababehlezi khona, futhi kwakukhona inkazimulo yeShekina phezu kwaso sonke isakhiwo. Nenkazimulo yayinkulu kakhulu kwaze kwathi ngisho abapristi ababe besakwazi ngisho ukukhonza ngenxa yenkazimulo.

81 Manje, siyafunda manje, futhi sithatha ekunikelweni kwethempeli. Asiye manje eZenzweni isahluko 7 futhi, nevesi 44, bese siyaqala esicaphunweni. UStefans, entshumayelweni yakhe edumile lapho eshumayela, wathi, "USolomoni waMakhela ithempeli ngoba kwakwethenjiswe ngoDavide ukuthi wayezokwenza." UNkulunkulu wethembisa uDavide ukuthi wayezokwakha ithempeli. NoNkulunkulu . . .

82 Ngomfanekiso, owawuzosuswa ngokwangempela, njengemihlatshelo yamawundlu nje ekunikelweni kwakungumfanekiso weWundlu langempela lizela umhlatshelo. Konke okwemvelo kufanekisa okomoya.

83 Futhi sithola ukuthi, ngenkathi lokhu kwenzeka, uStefans ukhuluma ngakho. Wathi, "Obaba bafumana umusa phambi kukaNkulunkulu, noSolomoni waMakhela ithempeli. Kepha, kodwa, OPhezukonke akahlali emathempelini enziwe ngezandla. Njengoba umprofethi wathi, "'IZulu liyisiHlalo saMi sobukhosi, nomhlaba uyisenabelo sezinyawo zaMi, futhi iphi indlu ebeniyakuNgakhela yona na? IZulu liyisiHlalo saMi sobukhosi, umhlaba uyisenabelo sezinyawo zaMi, futhi beningaNgakhela kanjani indlu ukuba ngihlale kuyo na?'""

84 Manje-ke, mahle kanjani amaHeberu 10:5, "Kodwa uNgilungisele uMzimba," kukhombisa ukuthi uNkulunkulu wayezohlala eMzimbeni. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] ". . . Ngilungisele." O! Futhi kwakuthi uma lomzimba

sewenziwe umhlatshelo, iWundlu elifanele elalinikelwe laba ngumhlatshelo, kwakuza-ke, uNkulunkulu weza eMzimbeni waKhe uQobo, owawunguMlobokazi waKhe.

85 Futhi kwakukade kukhona amathempeli ayikhulu namashumi amabili uNkulunkulu ayekade ewadalile, ayeselungele ukunikelwa, ukungakholwa sekushaywe kwakhishwa kuwo. Futhi abuthana ekamelweni eliphezulu, futhi alinda izinsuku eziyishumi, kwenzelwa inkonzo yokunikelwa. Kwase kuthi lapho esenikelwe ngokugcwele, uNkulunkulu wehla futhi enkazimulweni yeShekina, Wase egcwalisa yonke indlu ababehlezi kuyo. Wenzani uNkulunkulu na? Njengomphongolo uthiwa qathatha ezisekelweni zawo ezifanele okomlayezo wangalolosuku, uNkulunkulu wathi qathatha wabuyela emgudwini waKhe ofanele; hhayi ehlelweni noma esakhiweni esenziwe ngezandla, kodwa enhliziyweni yabantu. Wathi qathatha endaweni yaKhe, okosuku lokugcina, okwasho umprofethi uJoweli. “Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, Ngiyakuthulula iShekina yaMi phezu kwayo yonke inyama. Amadodana namadodakazi enu ayakuprofetha. Izinsizwa zenu ziyophupha amaphupho. Abadala bayakubona imibono.” UNkulunkulu weza endaweni yaKhe yokuphumula, lapho Athola khona ukuphumula. Hhayi esakhiweni, kodwa enhliziyweni yabantu baKhe, Uthola ukuphumula.

86 Amahloni anje pho, ihlazo elinje pho, ukuchithwa okunje pho kwempumelelo kaNimrodi eyenziwe ngumuntu eyalethwa khona ngaleyonkathi! Lapho uNimrodi ezama ukwakha i—isakhiwo senhlangano eyayizofinyelela phezulu emazulwini, uNkulunkulu wasichitha. Saba ngamahloni, esikhundleni sokusiza abantu. Wasanganisa ulwimi lwabantu. Omunye akabe esakwazi ukukhuluma nomunye. Kwabhidliza ubuzalwane.

87 Kodwa lapho uNkulunkulu efika ethempelini laKhe uQobo, iBandla, a—abantu, ngenkathi Efika kubo, WaLigcwalisa, amathempeli ayenikelwa.

88 Njengoba Enza nje ethempelini likaSolomoni. Waligcwalisa, hhayi ngezivumokholo, hhayi ngamahlelo, kodwa ngaYe uqobo. Wagcwalisa ithempeli ngenkazimulo yaKhe yeShekina.

89 Wenza kanjalo ngoSuku lwePentekoste. Wawagcwalisa lawomathempeli ayikhulu namashumi amabili elaliphezulu lapho, ngaYe uqobo, ngoMoya oNgcwele uQobo. Inkazimulo yeShekina yagqabukela phezu kwabo. Kwase kuthi-ke lokho uNimrodi ehluleka ukukwenza, wakha ithempeli lapho wonke umuntu wakhuluma okuphambene nalokho ayengakuqonda; uNkulunkulu wehla, futhi ngolwimi olulodwa lwaseGalile, wenza wonke umuntu aqonde Ayekusho, futhi bayazi ukuthi kwalethwa. Nango uNkulunkulu ethempelini laKhe. UNkulunkulu ethempelini laKhe elinikelweyo, hhayi

empumelelweni eyenziwe ngumuntu, hhayi kulokho okwenziwe ngumuntu; kodwa lokho uNkulunkulu Azenzela Yena uqobo.

90 O, kuwubuthutha, kubantu. Abakutholi. Bazalelwa ukuba bangakutholi, ngakho ngeke bakuthole. IBhayibheli lisho njalo. Kulungile.

91 UNkulunkulu njalo ugcwalisa ithempeli laKhe. Ngosuku lokunikelwa Ugcwalisa ithempeli laKhe. Uligcwalisa ngaYe uqobo. Into efanayo, namhlanje. UNkulunkulu uyogcwalisa lonke ithempeli eliyozinikela ngokuyikho du kuYe, noma yibaphi abantu abavumayo. Ithempeli akusiso lesisakhiwo esincane lapha. Ithempeli akusilo lelo eliseDolobheni iSalt Lake. Ithempeli akusilo lelo eliseRoma. Ithempeli yini. Niyithempeli uNkulunkulu afuna ukuhlala kulo futhi azizwakalise Yena uqobo ngalo, ukuthi zonke izizwe ziMazi. Niyimifanekiso ephilayo kaNkulunkulu, uNkulunkulu afuna ukusebenza ngayo. Futhi noma ngasiphi isikhathi noma yimuphi owesilisa noma yimuphi owesifazane oyokhohlwa yiwo onke amanga abawazwile ezweni, bese bebuyela emgqeni womBhalo, futhi bahlale besemgqeni.

92 Njengoba nje, uSolomoni enza kulokho okwenziwa nguMose. UMose enza kulokho okwenziwa nguNkulunkulu. UNkulunkulu wayekuhlonipha njalo.

93 Kodwa uma sizobuyela ekunikelweni okungokokuqala futhi sizovula izinhliziyo zethu bese sizithulula thina uqobo, uNkulunkulu, ekunikelweni, lapho siyinika Yena, uzogcwalisa ithempeli lethu ngenkazimulo yaKhe yeShekina. Khona-ke uNkulunkulu ophilayo uyobe ehamba eBandleni eliphilayo, phakathi kwabantu abaphilayo, futhi uyosabalalisa inkazimulo yaKhe. Manje-ke, kanyekanye, ngolunye usuku, omunye *ngapha*, nomunye *ngapha*, nomunye engxenyeni eyodwa yezwe, Liyoqoqana ukuba lenze uMlobokazi. Siyohlwithelwa emoyeni, ukuMhlangabeza.

94 Manje, lelisonto elithandekayo, lesisakhiwo abantu, ngezimpawu zabo zokuphila kwabo, nothando lwabo kuKristu, abakhonzi unikele namhlanje, lendawo yokukhonzela, ukuze abantu beze futhi bakhonze. Manje, umkhuleko wami oqotho ungukuthi wonke umkhonzi uzo . . . umkhonzi uzonikela ngethempeli lakhe uqobo, ukuba akhonze, ethempelini elinikelelwe ukukhonza. Yilokho ukunikelwa kwangempela.

95 Ngakho njengoba isikhathi sethu sesihambile, kodwa uNkulunkulu akanasikhathi. Asikhumbule. Sesihambe kangakanani isikhathi na? Ngibuka abantu abadala. Kungahle ukuba isikhathi sesihambe kakhulu kunoma nicabanga. Ngibuka abantu abasha, amantombazane asemancane.

96 Bukani, lababantwanyana owatholwayo, benqunyiwe, ngoluny'usuku, lawomantombazane amancane aphoqwa. Bangaki kubo abafa minyaka yonke na? Izinkulungwane,

behlaselwa yinhliziyo, umdlavuza, uvendle, noma yini engababulala, izingozi emgwaqeni.

97 Asazi, ukuthi umusha kangakanani noma umdala kangakanani, ukuthi isikhathi sizofika nini na? Ukuthi ikhadi lakho lizobizwa nini eshalofini na? Akekho okwaziyo lokho kodwa nguNkulunkulu. Kunjalo.

98 Ngakho niselapha, namhlanje, ekunikelweni kwalempahla lapha, ukuthi abakhonzi beza ukuzokhonza uNkulunkulu ophilayo, asizinikeli ngani thina ekukhonzweni kukaNkulunkulu ophilayo, futhi siMvumele asigcwalise ngaYe uqobo na? Sizobe-ke sesibona inkazimulo yeShekina ibuyela futhi endlini kaNkulunkulu ophilayo, okungumzimba womuntu, iBandla likaNkulunkulu ophilayo, sisonke, emvuselelweni enkulu ezoshanela lelizwe lonke, kuwo lamadolobha azungezile, nabo bonke phandle lapha. Kuyoba khona umsindo onjalo. Ngani, a—abakwazanga ukukuyekisa. Ayikho indlela yokukwenza.

99 Ucabanga ukuthi wawungamyekisa uStefans na? Ngani, wayenjenge—ngendlu isha emoyeni ovunguzayo ophakeme. Ngani, wawungeke umyekise. Ngisho iSanhedrin ayikwazanga ukumyekisa. Futhi, niyazi, ngisho nokufa uqobo lwakho akumyekisanga. Waphila njalo. Futhi uyaphila namhlanje. Futhi uyophila njalo, ngoba wayenokuPhila okuPhakade, nendlu inikelelwe enkonzweni kaNkulunkulu.

100 Ngicabanga ukuthi into yokuba lelibandla liyenze, kulokhu ukusa, mayelana nakho konke okwenziwe: njengoba sinikela uNkulunkulu isakhiwo, kwenzelwa inkonzo, masizinikele nathi uqobo, futhi.

Asime umzuzu nje manje.

101 Ngamunye ngendlela okungeyakho, ngendlela yalowo nalowo othanda ukukhuleka ngayo. Ngiphinda ukuzinikela mina uqobo namhlanje, epulpiti, enkonzweni kaNkulunkulu. Ngifuna ngamunye wenu ukuba nenze lokho. Njengoba sinikela isakhiwo kuNkulunkulu, masizinikele thina uqobo.

102 Baba wethu waseZulwini, sibuthene ngokukhulu ukuzithoba nangobuqotho lapha kulokhu ukusa, ekubongeni okukhulu kothando Olukhombise kulelibandla, ngokubanika lesisakhiwo sokukhonzela, nangokunika lelibandla lomelusi, umfundisi weZwi.

103 Namanje, Baba waseZulwini, njengoba indawo inikelelwa ukukhonzela, thina njengabakhonzi sibeka eceleni yonke into, konke ukungakholwa, yonke imicabango engenamusa, yonke into engenjengaWe, nanoma yini ezosebenza ngokuphambene neZwi laKho; noma yini, noma yisiphi isivumokholo, noma yimuphi umcabango wehlelo, kumbe noma yimuphi umcabango umakhelwane kumbe noma ngubani omunye, ndawo zombili lapha nalaphaya, kumbe noma kungaba kuphi, okuzofika

kithi njengomcabango walomuntu, nakuba esehambile, nakuba kungesingcwele, isitsha esingcwelisiwe; noma yini, noma yimuphi umuntu, noma iNgelosi, noma isidalwa, noma isambulo, kumbe noma kungaba yini ephambene necebo laKho lalezizinsuku okukhulunywa ngazo eZwini laKho. Hhayi lokho okwashiwo ngomunye umuntu; kodwa lokho Owakushoyo! Ngokuba kulotshiwe, "Onke amazwi omuntu awabe ngamanga, awaMi abe yiqiniso." Uma kukhona noma yini kithi ebingasivimbela ekukholweni iZwi eliqinisile, nasekwazini isambulo sikaKristu, njengoba Asho kuPetru, "Phezu kwalelidwala, Ngiyakulakha iBandla laMi." Uma kukhona noma yini ephambene nalokho, isuse kithi, Nkosi. Sikubeka eceleni, thina uqobo. Siyakukhipha. Futhi semukela endaweni yakho, leloTshe eliyisiSekelo egumbini, lowoMoya oNgcwele oyisisekelo seBandla likaNkulunkulu langempela. Semukela lokho.

104 Baba, busisa lelisonto elincane. Khulisa izakhiwo, futhi kwangathi abakhonzi bangabuthana lapha, izikhathi ngezikhathi, zonke izinkonzo. Kwangathi kungabakhona uthando lukaNkulunkulu olunjalo phakathi kwabo, baze bangabe besakwazi nje ukuhlala ngokwehlukana omunye komunye, izinhliziyo zabo zilangazele ukuhlangana ndawonye, endlini kaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi.

105 Futhi kwangathi bangaba nobusawoti kakhulu, njengoba Wena ushilo, "Ningusawoti womhlaba." Kwangathi izimpilo zabo zingaceba kakhulu futhi ziphile kahle eMoyeni oNgcwele, kuze kuthi wonke umphakathi ongapha nangapha uzolangazelela ukuba njengabo. Siphe khona, Nkosi. Benze babe yizibonelo. Siphe khona, Baba.

106 Manje, thatha ngamunye wethu, njengoba sinikela isonto, isakhiwo, kuWe. Sizinikela thina uqobo kuWe, ekunikelweni okunesizotha. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele kuwo onke aMandla aKhe obuNkulunkulu, enkazimulweni yaKhe yeShekina, eze egingqikela phansi edabula emaphakadeni, angene ezinhliziyweni zethu, Nkosi, athole indawo yaKhe yokuhlala ngokwalezizinsuku zokugcina. Futhi usibizele enkonzweni, njengezithunywa, mhlawumbe hhayi ezepulpiti, kodwa egalaji likapetroli, ebhavini lokuwashela, kumbe noma kungaba kuphi, ukufakaza kumsengi, kumfana wephepha, kumbe noma kungaba ngubani. Senze sibe yizimfakazo namatshe aphilayo agcwaliswe ngenkazimulo yeShekina, uMoya oNgcwele, uqobo lwaKhe. Gcwalisa izinhliziyo zethu nezimpilo, Baba.

107 Futhi uma izinkonzo seziphelile, lapha emhlabeni, kwangathi ngokungehlukani, singagawulwa ezindleleni okungezethu uNkulunkulu asenze zona, sibuthane ndawonye kuleloBandla elikhulu, elibizwa ngoMlobokazi. Liyohlwithwa kulelitabernakele lasemhlabeni lokuhlala lapha, futhi

liyoguqulwa ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso. Futhi liyohlwithwa kanyekanye naYe, ukuMhlangabeza emoyeni, esiDlweni sakusihlwa soMshado weWundlu. Ngokuba sizinikela thina uqobo, nalelibandla, sibe ngcwele sizehlukanisele ngakho konke esingakwenza, Baba, enkonzweni yaKho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ningahlala phansi.

108 Bangaki kini abathi, "Ngomusa kaNkulunkulu, nangosizo lukaNkulunkulu, nginikela inhliziyo yami. Woza, Nkosi Jesu, bese nje ungigcwalisa ngokulunga kwaKho. Nje ngenze ngibe yilokho Ofuna ngibe yikho. Uma ngiphambene, nasemvumeni yokungena ezweni Ongibeke kulo, ngihamba, enginelungelo lokunikeza *le* ndlela noma *leya* ndlela, ungangidedeli ngibe yitshe elisikwe kabi, kodwa mangizinikele esaheni elingenza ngibe yilokho engiyikho, Ufuna ngibe njani na"? Yileyondlela esikufuna ngayo akusiyo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

109 Asiphakamise izandla zethu nje manje futhi sicule lelihubo elidala elihle kakhulu lebandla, njengoba ngiphendulela inkonzo kumelusi wenu.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

110 Manje asilihamishe. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha u *Ng'yaMthanda*—Umhl.] Manje xhawulana nalowo ongakuwe, uthi, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu, litshe eBandleni." NoNkulunkulu akubusise, mfowethu, matshe eBandleni. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

111 Manje asivale amehlo ethu, sikhothamise ikhanda lethu, bese siphakamisela izandla zombili kuYe.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

